Ngizabanika Impilo elaPhakade.” Kuyini iMpilo elaPhakade? UMoya oNgcwele. “Impilo elaPhakade,” thatha ibala lelo futhi ulikhangele ngesiGriki, futhi lathi, *Zoe*. Zoe nguMoya oNgcwele. “Konke lokho uBaba aNgiphe khona kuzakuza Kimi. Futhi bonke abaza Kimi, Ngizamupha uMoya oNgcwele, futhi Ngizamvusa ngosuku lokucina. Ngizakwenza,” Watsho. Kungayisikho o-aluba labo futhi Ngakho. “Ngizakwenza. Konke lokho okuzayo; futhi Ngiyapha iMpilo elaPhakade.” Uzamele avuke, ngoba uleMpilo elaPhakade. Kumele abuye. Angeke afe njengoNkulunkulu engeke afe.

⁵⁷ O, bangane bami abathandekayo abaselizweni leli futhi lakuleli idolobho elincinyane, nxa kuphela ngingakwenza, ngelizwi lami lomuntu, ngibeke enhliziyweni zenu ukuqakatheka kokwamukela ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, kuzakuba yisambulo esimangalisayo sibili owake waba laso empilweni yakho. Ukubona lokho...Kumele ukwenze.

Mangenze lokho kube sobala, mayelana, “Awuphendukanga.”

⁵⁸ UPetro wayesindisiwe. Wakholwa eNkosini, Wamlandela. UJesu wamtshela ukuthi wayengubani, wamenza waMlandela. Wamnika amandla phezu kwemimoya engcolileyo futhi wamngcwelisa. Kodwa ngemva kwakho konke lokho, futhi waba yisikhulumi esikhulu seqembu; njengamaKatolika engafuna ukumbiza ngakho, “ubhishopi webandla, kumbe upapa,” kumbe loba yini okwakuyikho, umuntu oyinhloko yebandla; kukanti uJesu wathi, ngobusuku bokuthengiswa Kwakhe, “UyaNgithanda na, Phetro?”

Futhi wathi, “Nkosi, Uyakwazi ngiyaKuthanda.”

Wathi, “Nika izimvu Zami ukudla.” Wakutsho lokho kathathu.

Futhi uPhetro wathi, “Uyakwazi ngiyaKuthanda, ngize ngihambe Lawe eku—ekucineni, futhi ngizahamba Lawe ekufeni,” lokunjalo.

⁵⁹ Wathi, “Iqhude lingakakhali kathathu, uza...iqhude lingakakhali, uzabe usuNgilandulile kathathu.” Wathi, “Kodwa, Phetro, Ngikukhulekele.” Lalelani. Kayisikho konke okwakho. “Ngikukhulekele. Futhi ngemuva usuphendukile, khona-ke qinisa abazalwane bakho.”

“Emva usuphendukile.” Wayememezile. Mhlawumbe wayedanse eMoyeni. Yena, wayeyenze ihlobo zonke zezinto, kodwa wayengakayemukeli uMoya oNgcwele. “Emva usuphendukile khona-ke qinisa abazalwane bakho,” lokho kuliqiniso, “qhuba uhlelo Lwakhe.”

⁶⁰ Manje ake ngiqedise ukubala uJohane 14:12. Manje kusahluko 14 futhi lendima 12, uJesu wathi, “Ngiqinisile,

ngiqinisele, Ngithi kini, lowo okholwayo. . .” Futhi awungeke ukholwe. . . “Okholwa Kimi.” Ungakholwa *kuYe*. Bangaki abakuzwisayo lokho? Wothini, “Ameni.” [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

⁶¹ Liyakhumbula, kuImisebenzi 19. Ngiyazonda ukumisa lokhu lapha, kodwa kumele ngikukhulume njengokuba kusiza kimi. KuImisebenzi isahluko 19, lapho lumtshumayeli womBaptisti, owayeli—ligqwetha futhi waphenduka, futhi wayetshumayela njalo esenza abantu basindiswe. Futhi babelentokozo enkulu, bethokoza nje bememeza, besiba lomhlangano. Imisebenzi 18, uAkwila loPrisila, sikhulume ngakho ubusuku obudlulileyo, futhi babehambe ukuyambona. Futhi babekwazi ukuthi wayeyindoda enkulu, njalo wayengumfundi. Futhi wayetshengisa ngeBhayibhili ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, esazi kuphela ubhaphathizo lukaJohane. Wayengakabi kwazi ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele. Ngakho wathi. . .

UAkwila loPrisila, leyondoda lomfazi, abenzi mamathente abancane; labo, uPhawuli wayengumenzi wama thente, laye. Futhi babeyamukele uMoya oNgcwele phansi kwemfundiso kaPhawuli. Bathi, “Silomfowethu omncinyane ozayo lapha. Makakhulume kithi kancinyane mayelana ngakho.”

Futhi lapho uPhawuli esebuyile futhi wamuzwa etshumayela, wabakwazi ukuthi wayeyindoda enkulu, wathi, “Lamamukela na uMoya oNgcwele selokhu lakholwayo?”

Bathi, “Asikwazi ukuthi. . . kumbe kukhona uMoya oNgcwele.”

Wathi, “Khona-ke kuwuphi,” kumbe ibala lesiGriki eliyilo lapho, “labhaphathizwa njani?”

Bathi, “Sesabhaphathizwa nguJohane uMbaphathizi.”

⁶² Manje khangalani lokho uPhawuli akukhulumayo. UPhawuli wathi, lokho, “UJohane ngeqiniso wayebhaphathizela kukho ukuphenduka; hatshi ukuthethelwa kwezono, kodwa ekuphendukeni, esithi yikho lokho elakukholwayo.”

Nxa usamukela uKhristu njengo Msindisi wakho, ukholelwa ekubhaphathizeni kukaMoya oNgcwele. Lokho akusilo ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, bazalwane bami abathandekayo beBaptisti. Ayisikho.

Umfowethu wathi kimi ngolunye usuku, wathi, “Mfowethu Branham,” kumbe esinye isikhathi esedlulayo, inyanga ezedlulayo, wathi, “Mfowethu Branham, uAbrahama wakholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi yikulunga.”

Ngathi, “Qiniso.”

Wathi, “Kuyini okunye umuntu angakwenza ukwedlula ukukholwa?”

⁶³ Ngathi, “Yikho kuphela umuntu angakwenza. Yikho kuphela angakwenza lamuhla, yikukholwa uNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu wamnika uphawu lokusoka,” lokho sidlule kukho ubusuku obedluleyo, “njengesibonakaliso sokuthi Wemukela ukholo lwakhe Kuye.” Futhi, lamuhla, kuze kuthi uNkulunkulu . . .

Uyakholwa Kuye lapho umaMukela njengoMsindisi wakho. Kodwa lapho uNkulunkulu ekupha uphawu lukaMoya oNgcwele, ukubeka uphawu kuze kube sesiphethweni sakho salaPhakade lapho oya khona. Manje lina maBaptisti thathani lokho, futhi ngizahamba lani ekulondolozweni okulaPhakade. Yebo, mnumzana. Ngoba, “Lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, lowo elibekwe uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlangwa kwakho.” Awubekwa uphawu ngokukhololwa, kodwa ubekwa uphawu nguMoya oNgcwele. AbaseEfesu 4:30, “Lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, elibekwe uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlangwa kwakho.” Lokho kuyakubeka uphawu, lapho usuthole isisa loNkulunkulu, futhi Wakubeka uphawu ngoMoya oNgcwele.

Kuyilokho, ngoba iBhayibhili lathi, “Akulamuntu ongabiza uJesu ukuthi nguKhristu, kuphela ngoMoya oNgcwele.”

⁶⁴ Uthi, “Ngiyakukholwa ngoba umfundisi watsho njalo.” Uqondile, kodwa lokho akubali wena. “Ngiyakukholwa ngoba iLizwi litsho njalo.” Kuqondile lokho, kodwa lokho akusikho kwakho, lokho akubali wena.

Indlela kuphela ongatsho ngayo ukuthi uJesu unguKhristu, kulapho uMoya oNgcwele ugena phakathi kwakho futhi uveze ubufakazi, futhi uZifakazele, “UyiNdodana kaNkulunkulu.” Yiyo indlela kuphela owazi ngayo ukuvuka, kulapho uMoya oNgcwele eveza ubufakazi. “Lapho Yena uMoya oNgcwele esebuyile, Uzafakaza Ngami, alitshengise izinto ezizabuya; alethe lezi izinto, engazitshoyo, emikhumbulweni yenu.” Awusoze ukuthole esikolweni. Bona? Uzaletsa lezi izinto emikhumbulweni yenu.

⁶⁵ Manje sifuna ukubala phambidlana kancinyane eMbhalweni lowu khathesi, uJohane oNgcwele 14:12.

Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Lowo okholwa kimi, imisebenzi eNgiyenzayo laye uzakuyenza njalo; futhi lemikhulu . . .

Kuyikuthi, ukutolika okuyikho lapho yikuthi “eminengi,” nxa ufuna ukukukhangelisisa.

. . . imisebenzi emikhulu kulaleyi uzakuyenza; ngoba Nginya kuBaba.

⁶⁶ Nxa Wahamba kuBaba, uMoya oNgcwele wawuzakubuya. Kunjalo na? Omunye uMbalho wathi, “Nxa Ngingahambi, uMduduzi akasoze abuye. Kodwa nxa Ngingahamba,

Ngizaphenduka njalo futhi ngibelani, laphakathi kwenu.” Bona, nguNkulunkulu elawe. Phezu kwakho, kuqala; elawe, kuKhristu; ekuwe, eMoyeni oNgcwele. NguNkulunkulu ekuwe.

⁶⁷ Manje, “Imisebenzi eNgiyenzayo lani lizakuyenza njalo,” hatshi omunye umsebenzi. Kodwa uNkulunkulu ufuna ukuletha uMoya oNgcwele, kuwe, ukuthi aqhubeke ngomsebenzi ofanayo lowo Ayewenza kuKhristu.

Umsebenzi wawungadingakali kangako ngensuku zikaLuther. Lelo kwakuliBandla likaNkulunkulu. Kwakungayisikho. . . Kwakudingeka kancinyane ensukwini zikaWesley.

Ngoba, “Umhlaba,” iBhayibhili lathi, “bazakuba buthakathaka, futhi bahlakaniphe, njalo babebabi isikhathi sonke.” Thina siya. . . Umhlaba uba mubi kakhulu sonke. . . Siyakwazi lokho. Ngani, umuntu wenza izinto lamuhla lezo, iminyaka elikhulu eyadlulayo wawungeke ucabange ukuthi kungaba lomuntu ololunya kangako. “Emubi kakhulu isikhathi sonke, futhi ababi bazakwenza ububi obunengi, sonke isikhathi,” watsho uMbhalo, “okunengi lokunengi.”

⁶⁸ Ngakho, uMoya oNgcwele ubehamba. Kwakulomphefumulo omncinyane Wakho kuLuther; ukuphephetha okuncinyane Kwakho loWesley; futhi lokuphephetha okujulileyo Kwakho lamaPhentekhosti; manje umphefumulo loMoya sokube yinto yinye. Uyabambana ndawonye, eletha ukuphephetha okulamandla kukaMoya oNgcwele njenga lokho Akwenzayo emuva-le, ubonakalisa imisebenzi efanayo Ayenzayo emuva-le, iyabonakaliswa khona lamuhla, into efanayo.

⁶⁹ Khangela lokho uJesu akukhulumayo: “Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ayingeke yenza lutho ngaphandle Ibone uBaba ekwenza kuqala. Lokho uBaba akwenzayo, Uyatshengisa iNdodana. UBaba uhlala phakathi Kwami; Uyenza imisebenzi.” Bona?

⁷⁰ Manje nanzelela, nansi enye into lapha engizathanda ukuyitsho khona lapha. “Njengo,” UJesu wathi, “ngengoBaba eNgithumile. Njengo,” manje khangalani, “njengo Baba eNgithumile, lami Ngiyalithuma.” “Njengo Baba. . .” UBaba waMthuma kanjani? UBaba, owaMthumayo, wehla phansi evela eZulwini futhi wahlala Kuye.

Wahamba phambili. Wathi, “Ngihlezi ngisenza lokho okuthokozisa uBaba Wami.” Bona? Wahamba esenza izinto lezo uBaba ayeMtshengisa ukuthi azenze. “Angenzi lutho ngaphandle uBaba Wami aNgithshengise kuqala.” UNkulunkulu aMthumayo, wayengaphakathi Kwakhe. “Futhi njengoBaba eNgithumile, indlela efanayo uBaba aNgithuma ngayo, Lami ngiyalithuma.” Kuyini? UNkulunkulu ekuwe, eqhubeka (ini?) imisebenzi efanayo, ngokufanayo.

UJesu wathi, “I...lowo *okholwayo*, lowo oLami phakathi kwakhe, uMoya oNgcwele; lowo *okholwayo*, osevele wafakaza ukuvuka Kwami, esazi ukuthi Ngikuye. Lowo oKimi; nxa ungahlala Kimi, Amazwi ami ahlale kuwe.”

⁷¹ Manje uthi, “Ngihlala kuJesu; kodwa angikholwa sibili ekusilisweni nguNkulunkulu.” Lokho kuyatshengisa ukuthi Akakho lapho.

⁷² “Ngikholwa kuJesu; angikholwa eMoyeni oNgcwele kulolusuku, hatshi njengalokho ababeLakho ngemuva-le.” Lokho kuyatshengisa ukuthi Akakho lapho.

⁷³ UMoya oNgcwele uzafakaza lonke iLizwi Alikukhulumayo. Akasuye umqambimanga. Akesabi muntu kumbe inhlanganiso. Akadingi ukuyekethisela umuntu. Uyakhuluma futhi-ke Uyahlala lakho.

Nxa eziphakemeyo, lezingcolileyo, lezifundileyo, kumbe njengalokho esikubiza ngakho, izinothi ezingababusi, nxa babangafuni uKukwamukela, “UNkulunkulu uyenelisa kulawamatshe ukuphakamisela uAbrahama abantwana.” Uzathatha izigebenga, lezidakwa, futhi lakho konke, njalo akuvuse. UNkulunkulu engakwenza, futhi Uyakwenza. “UNkulunkulu uyenelisa kulamatshe ukuphakamisela uAbrahama abantwana.” Omunye uzakwenza, ngoba UnguNkulunkulu.

⁷⁴ “Nxa lihlala Kimi, futhi laMazwi Ami kini, celani elikufunayo,” ngoba licela iLizwi Lakhe, futhi iLizwi Lakhe liyiMpilo. Likukhulume. Nxa uNkulunkulu wakatsho, futhi uleqiniso ukuthi Wakutsho, uMoya oNgcwele uyafakaza ukuthi iLizwi lelo liqondile, khona-ke, nanko-ke, mfowethu. Kukhulume; nanko lapho. “Tshono kulintaba, ‘Mawususwe,’ ungathandabuzi enhliziyweni yakho, kodwa kholwa ukuthi lokho okukhulumileyo kuzakwenzakala.” Kayisuwu okhulumayo, kodwa uBaba ohlala kuwe; Nguye okhulumayo. Ayisuwu okhuluma kuleyontaba, nguBaba okuwe, ekhuluma kuleyontaba. Kumele isuke. “Wonke amazulu lomhlaba kuzakudlula,” Wathi, “kodwa uMoya Wami awusoze, kumbe, iLizwi Lami aliye kwedlula.” Sibili, Alingeke ledlule. Baba!

⁷⁵ Manje, “Imisebenzi eNgiyenzayo.” UNkulunkulu useBandleni Lakhe, ukuqhubeka ngemisebenzi Yakhe. Yikho Wathumela uMoya oNgcwele. Manje, Wayekwazi lokho. Yena, Wayekwazi ukuthi akusoze kubenjalo, kwakungasoze kwenziwe ngaleyo ndlela, ngakho ngeyinye indlela, ngakho Kwakumele athumele. UBaba wathumela iNdodana, wafaka konke okwakuphakathi kwe fon-...iNdodana kuwe. Futhi lemisebenzi efanayo Ayenzayo, imisebenzi efanayo manje leyo uJesu ayenzayo, lani lizayenza, iBandla.

Awungeke uthande ukwenza imisebenzi kaNkulunkulu? UJesu wathi, “Nxa ufuna ukwenza imisebenzi kaNkulunkulu,

kholwani Kimi.” Ukholwa njani Kuye? Awungeke ukwenze lokho uze ube loMoya oNgcwele.

⁷⁶ Ngoba, akulamuntu ongathi uyiNdodana kaNkulunkulu; utsho lokho okukhulunywe ngomunye umuntu. “IBhayibhili lathi ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu; ngiyalikholwa iBhayibhili.” Kulungile. “IBhayibhili lithi UyiNdodana kaNkulunkulu; Ngiyalikholwa iBhayibhili. Umalusi uthi UyiNdodana kaNkulunkulu; Ngiyamkholwa umalusi. Umama uthi uyiNdodana kaNkulunkulu; ngiyamkholwa umama. Umngane wami uthi uyiNdodana kaNkulunkulu; ngiyamkholwa umngane wami.”

Kodwa indlela kuphela engingatsho ngayo ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, kulapho uMoya oNgcwele ungena phakathi futhi azifakaze Ngokwakhe, khona-ke ngiyakwazi ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. “Akulamuntu ongabiza uJesu, ‘UKhristu,’ kuphela ngoMoya oNgcwele.” Lapho!

⁷⁷ Akulamuntu okhuluma ngoMoya kaNkulunkulu owabiza uJesu ngokuthi uqalekisiwe, kumbe uthi Wayengolunye ulutho ngalolosuku futhi lenye into lamuhla. Lokho kumenza abebuthakathaka futhi abelamaphutha. Hatshi, mnumzana.

Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Umoya wonke weqiniso uzafakazela lokho. Kulungile.

⁷⁸ Manje, Wathi, “Leyi imisebenzi engiyenzayo lani lizayenza njalo,” UJohane 14:12, manje, imisebenzi efanayo.

“O,” bathi, “ibandla lenza umsebenzi omkhulu lamuhla.” Ngayiphi indlela?

Wathi, “Imisebenzi engiyenzayo.”

“Lokho,” bathi, “awu, silamamishinari umhlaba wonke, lowo ngumsebenzi omkhulu.”

⁷⁹ Kodwa Wathi, “Imisebenzi eNgiyenzayo.” Manje iyenze, iyenzeni kuqala, khona-ke beselikhuluma ngamamishinari.

⁸⁰ Lamuhla, ngikhuluma lapha isikhathi esedluleyo mayelana ngomMohamedi, wathi, “UMohamedi sowafa.”

“Kunjalo, usethuneni, kodwa ngolunye usuku uzavuka.” Wathi, “Nxa evuka ethuneni, umhlaba wonke uzakubakwazi phakathi kwamahola angamatshumi amabili lane.” Wathi, “Lina bantu lithi uJesu wavuswa iminyaka eyinkulungwane ezimbili, futhi akula loyedwa phakathi kwabathatu abantu asebekwazi.”

Lokho kungenxa yokuthi ukhulume ngombono wengqondo yakho. Ukhulume ngesimo sesikolo kumbe imfundo.

Nxa lonke leli, ibandla elikhulu likaNkulunkulu, sibala amaKatolika, Protestanti, bonke ndawonye, babeyamukele uMoya oNgcwele, lumhlaba ungabe umi uqininile esiKhristwini; ngabe kungelanto enjengesikhomanisi; bekungasoze kube lento enjongombango, kumbe ubutha, kumbe ulunya, kumbe

inzondano. UJesu angabe ehlezi esiHlalweni Sakhe, futhi singabe sihamba phakathi kwamaparadiso kaNkulunkulu, leMpilo elaPhakade, siphila ninilanini; sesivusiwe emzimbeni omutsha, sihamba hamba, singasaluphali, singasabimpunga, singasaguli, singasalambi; sihamba entokozweni zeNkosi, sikhuluma lenyamazana. Futhi, o, lusuku bani! Kodwa senze konke ngaphandle kwalokho Yena . . .

⁸¹ Wathi, “Hambani emhlabeni wonke futhi litshumayele iVangeli.” Lenzani iVangeli? “Kungeyisilo iLizwi kuphela, kodwa ngaMandla lokutshengisela kukaMoya oNgcwele.” Usenza iLizwi likaNkulunkulu libonakale, liVangeli.

⁸² Awungeke ukwenze. Manje, uJesu wayekwazi lokho, ukuthi kwakumele Aphile eBandleni Lakhe.

Ngakho-ke, wayekwazi ukuthi sizakuba lezikolo zokuhlakanipha. Futhi awusoze ukuthole lokhu esikolweni sokuhlakanipha. Bazabe bephikisana lakho. Ngoba, konke abakwaziyo yimfundo yomuntu okhaliphileyo, eyinye ivumankolo kumbe inhlanganiso yesonto abafuna uku—ukuphila ngayo. Ngakho baza—bazakubeka kulokho futhi bakwenze ubelilunga lalowomzimba, futhi, mfowethu, bakucaphunele ezinye izinto ezivela kusivumankolo eyayingakhangeleka sengathi iphelele nje. “Ibandla elikhulu elingcwele, umama, lamela ukutshaywa okunengi, lamela ukudutshuzwa okunengi.” Kanjalo lodeveli; ukhahlelwe phandle kwendawo yonke ekhona, phose, futhi ulokhu ehamba ngokufanayo nje. Yebo, mnumzana. O, bazazama ukucaphuna lezi.

⁸³ Ngakho uJesu wayekwazi ukuthi kuzakuba khona ingqubo yenhlakanipho njengalokho okwakukhona ngezinsuku Zakhe, ekugeziseni imbiza lamapane, futhi lokugqoka impahla, futhi lamakhola aphenlelweyo, futhi lento yonke njengoba babesenza, zonke lezi izinto ezitshiyeneyo ababengazenza. Wayekwazi ukuthi bazakwenza lokho, ngakho Wathi, “Manje manini umzuzu nje. Angisoze ngilitshiye lingaduduzekanga, Ngiyaphenduka njalo ukuzoba lani. Ngakho-ke,” Wathi, “imisebenzi engiyenzayo, lizakuyenza lani.”

⁸⁴ Isizatho sokuthumela uMoya oNgcwele kwakuyikuthi uNkulunkulu aqhubeke ngeqembu labantu, ukuqhubeka ebonakalisa uNkulunkulu emhlabeni. Yikho kanye. Kungeyisikho ngesivumankolo, kungeyisikho ngenhlanganiso yesonto, kodwa ngaMandla okuvuka Kwakhe, ngokwenza iLizwi Lakhe libe qotho; ngokuthatha isithembiso Sakhe, futhi lokuma ohlangothini lwabayngosana, njalo lokukholwa uNkulunkulu; futhi khangela izibhakabhaka ezimnyama zibuyela emuva, futhi laMandla kaNkulunkulu engena phakathi futhi ethatha indawo. Amen. Yikho lokho Akufunayo. Yikho lokho uMoya oNgcwele owathunyelwa khona. Yiyi injongo leyo Awuthumela

Yona. Siyakwazi ukuthi Uyini khathesi, futhi yiso isizatho WaWuthumela.

⁸⁵ Ngakho-ke, akula elinye igazi elalingangwelisa abantu. Ngangingeke ngikungwelise, futhi wawungeke ungingwelise, ngoba sonke sizelwe ngokuhlangana kwendoda lomfazi. Kodwa uJesu wazalwa kungela kuhlangana kwendoda lomfazi, kunjalo, ngakho iGazi Lakhe lalingwelisa. Futhi uNkulunkulu wehla phansi, wenza umzimba, waphila phakathi kwawo, wachitha leloGazi ngokungweliswa kwalokhu, lelo ngoqobo lakhupha icala lesono lehlazo. Khona-ke, ngokholo, sikholwa kuLokho, uNkulunkulu uyehla phansi kulowo mzimba womuntu, ngokungwelisa kwalelo Gazi, ambeke iNzalo kaAbrahama, ngokholo.

⁸⁶ Ukukholwa ukuthi leloGazi lizabuya, leloGazi elimsulwa lizakuba yisimanga njengegazi lakhe, waya khonalapho emva “wayefana lokuthi ufile.” Wakholwa uNkulunkulu okweminyaka engamatshumi amabili lanhlanu, yena iminyaka engamatshumi ayisikhombisa lanhlanu ubudala, futhi wakholwa waze waba lekhulu. Futhi uSara, amatshumi ayisithupha lanhlanu, futhi wakholwa waze waba lamatshumi ayisificamunwemunye. “Futhi wayefana lokuthi ufile.”

Futhi uNkulunkulu wathi, “Ukuze abantu ngeqiniso bengakweqi, umthathe phezulu lapha entabeni futhi umnikele njengomhlatshe.”

⁸⁷ Wathi encekwini, “Manini lapha lembongolo futhi lilindele. Indodana lami sizakuyaphetsheya futhi sikhonze, futhi indodana lami sizaphenduka.” O, uzakwenza njani na?

UAbrahama wathi, “Ngamamukela njengovela kwabafileyo. Futhi ngiyakwazi ukuthi Lowo owanginikayo, enjengovela kwabafileyo, uyenelisa ukumvusa kwabafileyo nxa kuphela ngingagcina iLizwi Lakhe. Gcina, ngiyagcina iLizwi Lakhe; Uyenelisa ukumvusa kwabafileyo.”

⁸⁸ Kukhuluma ngokupheleleyo ngoKhristu! Nango Yena lapho. Futhi ngaleso sicucucu sesakhiwo seGazi kwabuya uMoya oNgwele, owawuZibophe emzimbeni obizwa uJesu. Lelo Gazi langwelisa indlela, ngokholo, ukubiza abahlengiweyo, kumbe abaKhethiweyo bakaNkulunkulu. Futhi lapho usuyemukele Lokho, futhi uMoya oNgwele esekhuphe ulunya lonke kuwe, Uyangena phakathi, uNkulunkulu Ngokwakhe, ukusebenza intando Yakhe.

⁸⁹ Phansi lapha, lowo basi lolunya ongumankalankala; futhi lowu omunye omdala *usi-bani-bani* ngapha wenza *okuthize-thize*; futhi *lumfo* omdala okhuluma Ngakho, emelana Lakho. Umuntu ogcwaliswe nguMoya oNgwele uyama khona ebusweni bakho. Amen.

⁹⁰ “Futhi baqaphela. Babengelawazi futhi bengafundanga, kodwa baqaphela ukuthi babebeloJesu.” Yikho lokho uMoya oNgcwele owakubuyelayo.

⁹¹ Umgoli wenhlanzi omcinyane wayengakwanisi ukusayina ibizo lakhe. Kodwa wema lapho futhi wathi, “Ngubani esizamkholwa, umuntu kumbe uNkulunkulu?” Ameni. “Makwaziwe kini, sizakube silokhu sitshumayela eBizweni likaJesu.” Minabo, yisibindi bani! Wayesazi wa—wayeKhaya ngaphetsheya. Kunjalo. Wayeyisihambi lowemzini lapha. Wayedinga iDolobho elizayo.

Kuyini lokho lowompristi ongumzenzisi akutshoyo kuye? Wayengaphansi kokubuswa nguNkulunkulu waseZulwini, owavusa iNdodana Yakhe, uKhristu Jesu, futhi wamgwalisa ngoMoya kaNkulunkulu owenza amazulu lomhlaba. Nanko-ke. Wayengamesabi. Hatshi, mnumzana. Ukufa . . .

⁹² Ngani, lapho bethatha uStefani omdala phandle lapho, futhi bathi, “Landula okukhulumileyo!”

Wathi, “Lina bantamo zilukhuni, futhi labangasokwanga enhliziyweni lasendlebeni, lihlezi lisala uMoya oNgcwele. Njengalokho obaba benu abakwenzayo, lani liyakwenza.”

Bathi, “Sizakutshaya uze ufe!”

Wathi, “Ubungeke ukwenze lokho nxa u . . .”

“Sizakutshengisa loba singakwenza kumbe hatshi!” Futhi badobha amadwala amakhulu futhi baqala ukumkhanda ekhanda.

⁹³ Wakhangela phezulu, futhi wathi, “Ngibona amaZulu evulekile. Ngibona ilele lisehla phansi. Ngibona uJesu emile esandleni sokunene sobuKhulu Bakhe.” Futhi iBhayibhili alitshongo ukuthi wafa; walala. O, minabo! Ngiyabona nje iNgilosi isehla phansi, imphakamisa futhi imlolozela njengomntwana, umama, waze walala. O, minabo! Sibili.

⁹⁴ Yiyo injongo kaMoya oNgcwele. Yikho lokho uNkulunkulu athumela khona uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele weza ukuzokupha Amandla. Ngileminye iMibhalo eminengi lapha, umzuzu nje. UMoya oNgcwele weza ukukupha Amandla. A—angiyi . . . Ungakuthola lokhu; ngikhatshana sibili, lobubusuku.

Wakupha Amandla, Amandla ekukhulekeni!

⁹⁵ Uyathatha umuntu ophile impilo enhle, kodwa bahlezi benqotshiwe. “O, ngiyakutshela . . .” Umuntu omuhle, “O, sibili, ngiyayithanda iNkosi, Mfowethu Branham.” Uhlezi enqotshiwe, abala mthandazo ophendulwayo.

Gewalisa lowomfazi omcinyane ngoMoya oNgcwele kanye, khangela lokho okuthathi ndawo. Lapho esiya phambi kukaNkulunkulu, akanqotshwanga. Uza ngesibindi esiHlalweni

sikaNkulunkulu, ekholwa. Ulelungelo ngoba uyindodakazi kaNkulunkulu, ngokuZalwa.

Thatha leyondoda encane, eligwala, ubasi uyamkhahlela yonke indawo. Uthi, “Mana okomzuzu lapha khathesi.” Kulento entshintshileyo, bona, uloMoya oNgcwele. Ukupha Amandla. Impilo yakho igwele Amandla.

Ukupha Amandla ekukhulumeni.

⁹⁶ Ngani, minabo, labo bantu ababesesaba, bemile phandle lapho; uPhetro, uJakhobe, uJohane, uLuka, labo bonke babo. Basebefike endlini yaphezulu, besithi, “O, asisakwanisi ukukhuluma okunye njalo futhi. Bona, khangelala lapho, nango uDokotela *Si-bani-bani* lozibani phandle ngale. Nango uRabi *Si-bani-bani* lokunjalo. Liyazi, wayelamadigri amane awekholeji; sizakumelana laye njani?” UPhetro wathi, “O, ngiyakhumbula ngithengisela lowo muntu inhlanzi ngolunye usuku. Yena, wakhuluma, futhi angizange ngibe kwazi lokho ayekhuluma ngakho. O, angingeke ngimelane laye.” Kodwa kuyini lokho . . .

“Kuyini esingakwenza, bazalwane?”

“Wathi, ‘Lindani.’”

“Awu, sesibe lapha insuku ezine.”

“Qhubekani nje lilindile.”

“Kuze kube nini?”

“Kuze kube.”

“Awu, ngabe Wathi kuzakuba ngosuku lwesihlanu?”

“Akazange atsho ukuthi isikhathi esinganani. Wathi, ‘Kuze kube.’”

Awu, baqhubeka belindile. Kuze kube nini? “Kuze kube.” Insuku eziyisificaminwembili zedlula. “Kuze kube.” Insuku eziyisificamunwemunye zedlula. “Kuze kube.”

Futhi ekucineni lapho usuku lwePhentekhosi selufikile ngokugcweleyo, bonke babe ndawonye, benhliziyonye.

⁹⁷ UNkulunkulu wayephezu kwabo, eYezini elingumlilo; UNkulunkulu wayehambe labo, emhlabeni; manje enye into yayizakuthathi ndawo. Enye into ilungiselela ukwenzakala.

. . . *bonke babe ndawonye, benhliziyonye.*

Futhi kungananzelelwe kweza umsindo ovela ezulwini sengathi. . . ngumoya ovunguzayo olamandla, futhi wagcwalisa ikamelo lonke lapho ababehlezi khona.

. . . *inlimi ezehlukani siweyo. . . zahlala phezu. . . kwabo.*

Kuyini *ukwehlukana*? “Ukwehlukana.” Njengokugagasa, selake lezwa umuntu egagasa? Bayathi, “uh-uh-uh, oh, uh-uh,” bona, abakwanisi ukukhuluma ulutho.

“Ezehlukanisiweyo, ukwehlukana.” Njengesondo elehlukeneyo, kutsho into “ehlukeneyo, ukwehlukana.” Babengakhulumi. Babengaxokozeli. Babengenzi lutho kodwa bebanga umsindo nje.

.. *inlimi ezehlukeneyo* zahlala phezu kwabo, sengathi ngumlilo. (O, babengakwanisi ukuzibamba!)

Futhi bonke bagcwaliswa nguMoya oNgcwele,...
(Whew!)

⁹⁸ Khona-ke kuyini okwenzakalayo? phandle ezitaladeni bahamba. “Ungaphi lowoRabi Jones? Ungaphi lowomfo? Futhi singaphi isiqhwaga lesi esihlakaniphileyo?”

“UNkulunkulu wayephezu kwethu, eloMose, esihlahleni esivuthayo; Wasipha ukudla kwemana, ePhezulu. Wahamba lathi okweminyaka emithathu leziyisithupha..iminyaka emithathu lenyanga eziyisithupha, lapha emhlabeni. Kodwa khathesi Uphakathi kwami. Akusimi engikhululumayo; Nguye. Ngiyamazi ukuthi Ungubani, futhi ngiyazi ukuthi ngiNgubani. Angiseyilutho; Nguye.”

Umletheni phezu lapha! *Lina madoda ako* Israyeli, *futhi*.. .lani *elihlala eJudiya*, makuthi lokhu *kwazeke kini—kwazeke kini, futhi lalelani* ilizwi *lami*, lonke lina batshumayeli labo rabi.

Whew! Minabo! Amandla okukhuluma! O! “Laba kabadakwanga!” Emela leyo ngcosana encinyane, ikhulu lamatshumi amabili, bemelana lezinkulungwane ezilitshumi kumbe ezedlulayo.

.. .*laba kabadakwanga, njenge* likucabangayo, *sibona* ukuthi nje *lihola lesithathu losuku*.

Ngingumtshumayeli weVangeli eligcweleyo. *Kodwa lokhu yilokho okwakhulunywa ngakho ngumprofethi uJoweli;*

.. *kuzakuthi ensukwini zokucina, utsho uNkulunkulu, Ngizathulula...uMoya wami* (whew) *phezu kwenyama yonke: futhi labakho...* Limbonile uMariya phandle lapho edansa eMoyeni, ekhuluma ngezindimi futhi eqhubeka?...*phezu kwenyama yonke:...*

.. .*futhi phezu kwencekukazi zami Ngizakuthulula...* *uMoya wami;...*

.. .ngizatshengisa izibonakaliso emazulwini *phezulu, futhi...lasemhlabeni* phansi;...*insika zomlilo lokuthunqa kwentuthu:*

UNkulunkulu wayesebantwini Bakhe lapho. Amen.

“Awu, manje, lidigri bani owawulalo? Ngaphi, waphuma kusiphi isikolo?”

99 “Lokho akwenzi mehluko khona khathesi.” O, waqala ukuthulula uMbhalo.

(UDavida waMbona engakafiki!).. *INkosi ihlezi iphambi kwami... angiyi kunyikinywa:*

...phezu kwalokho *inhliziyo yami* yathokoza, ngoba... *futhi ulimi lwami* lwenziwa lwathokoza;

...akayi *kutshiya umphefumulo wami esihogweni, kumbe akayi kuvumela ONgcwele wakhe ukubona ukubola.*

...*mangikhulume kini ngokukhululekileyo ngokhokho uDavida, ...wafa waphinda wangawatshwa, futhi ithuna lakhe likanye lathi... lolusuku.*

Kodwa ngomprofethi...wabona ngaphambili ukubuya kwaLowo oLungileyo.

...futhi makwazeke kini, *ukuthi uNkulunkulu wenze luJesu ofanayo, Lowo elambethela* ngezandla ezimbi, *konke iNkosi loKhristu.* (Ameni!)

100 “Madoda labazalwane, kuyini esingakwenza ukuthi sisindiswe?”

...wathi, *Phendukani*, lonke, futhi libhaphathizwe *ebizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi lizakwamukela isipho sikaMoya oNgcwele.*

Ngoba isithembiso ngesenu, lakubantwana benu, lakubo labo abakude, lalabo abanengi iNkosi uNkulunkulu wethu ezakuba biza. (Ameni.)

101 Ingqe kuphela uNkulunkulu elabantu, uNkulunkulu uleBandla, uNkulunkulu uloMoya oNgcwele ematsha kanye Lawo. Yikho lokho uNkulunkulu akunikela khona uMoya oNgcwele. Izikhaliphi zizaphakama; zihlezi ziphakama. Kodwa uNkulunkulu ulengcosana kweyinye indawo. UNkulunkulu uleBandla elincinyane elizaqhubeka ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, besemukela ukuKhanya. Futhi bazakuba yibo labo, ngobufakazi babo, abazakwahlulela umhlaba.

Alitsho yini iBhayibhili ukuthi uJesu wathi, “Babusisiwe abamsulwa enhliziyweni; bazabona uNkulunkulu”? Futhi Alikutsho yini, ukuthi, “Abalungileyo, abangcwele, bazakwahlulela umhlaba”? Sibili.

Ubufakazi bakho lamuhla buzaletha ukwahlulela mayelana ngedolobho leli. Ubufakazi bethu bobhaphathizo lukaMoya oNgcwele laMandla kaNkulunkulu, impilo engcwele, buzaletha ukwahlulela mayelana ledolobho. Lapho leli...

102 “Labo abokuqala bazakuba ngabokucina; labo abokucina bazakuba ngabokuqala.” Angisoze ngazi lutho ngoSankey

loMoody, ekuvukeni kwabo. Kabasoze bazi lutho ngami, kulokhu. Kodwa ngizakuma kulokhu, ukupha ubufakazi; lawe uzakwenza.

Futhi ngalokho, ngokuhlakaza ukuKhanya kwakho, lobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, langempilo eliziphilayo, lezinto uNkulunkulu azenzileyo ukutshengisa ukuthi Uhamba lapha; futhi lokukhalipha kwabo, basuka Kukho; bazakwahlulelwa ngabangcwele. Sebevele bahlulelwa. Sebevele bakwedlula khona. O, minabo!

¹⁰³ Bengikhuluma ngaMandla okukhuleka, Amandla okukhuluma, Amandla empilo engcwele. Ameni. Yikho lokho uMoya oNgcwele ozakwenza.

¹⁰⁴ Abanye benu lina bantu lihamba lapho, lisithi, “Awu, angikwanisi ukutshiya ukunatha. Angikwanisi nje ukutshiya *lokhu*.”

UMoya oNgcwele uza ukuzophila phakathi kwakho, ukwenza konke lokhu *ukungakwanisi* kusuke kuwe. Kunjalo. Wenze abafazi bayekele ukuquma inwele zabo, ubenze bayekele ukugqoka okabhudula lamabhulugwe. Akula zaba. Ubenze batshiye ukunyeya. O, yebo, yikho lokho Ongakho, ukukwenza impilo engcwele. Uzalandela izilayezo zeBhayibhili sonke sikhathi.

¹⁰⁵ Umfazi uthi, “Kuyatshisa nje kakhulu; Kumele nje ngigqoke lezi. Kungitshayisa ngekhandla nxa ngitshiya inwele zami zikhula.”

Kodwa akulazaba ngoMoya oNgcwele. Ulapho ukukwenza kube njalo. Uzalandela iLizwi khona kanye nje. Yikho lokho uMoya oNgcwele ozakwenza.

Yikukwenza wena ndoda utshibilikise ikhanda lakho kubo abafazi abagqoke okungakwananga, futhi utshiye ukubakanuka, futhi lamalunga ebandla. Yikho lokho Omele ukwenze.

¹⁰⁶ Yikukwenza utshiye ukubhema lokunatha, futhi ube... ufuna ukuba yisikhulu. Uzakususa lokho kuwe. Uzakuthoba lapho usenza lokho. Yikho lokho uMoya oNgcwele ongakho. Ungowempilo engcwele. Kunjalo. Ukwenze utshiye ukunyeya. Ukwenze utshiye ukudlala amakhasi, ukudlala amadayiza, lazo zonke ezinye lezi izinto ozenzayo ekhoneni.

Uzakwenza utshiye ukuqhubeka kwakho ngendlela oyenzayo, uphila ngokungaqiniseki kumkakho. Yikho lokho Ozakwenza. Kunjalo. Uzakuyekelisa ukufuna ukuthatha umfazi womunye umuntu. Kunjalo sibili.

Yikho lokho Oyikho. Yikukwenza uphile impilo engcwele. Yikho lokho uMoya oNgcwele ungaMandla okokwenza, “ukubeka izifiso zakho ezintweni zaPhezulu,” lapho uNkulunkulu ama khona e...?. . .umqondo kaKhristu kuwe.

Awungeke ukwenqabele ukubona lezozinto; lapho ukhangela kizo, uyatshibilikisa ikhanda lakho. Kunjalo. Yikukwenza.

¹⁰⁷ Wena uthi, “Angikwanisi ukukwenza. O, angeke nje ngikwenze.” Sibili, *awungeke*.

Kodwa uMoya oNgcwele walanda injongo leyo. Yikho lokho Owakwenzayo. Weza ukuzokhupha kuwe, yonke imikhuba yakudala lezinto ozenzayo.

Lokho okudala ukunyeya, uzehlukhanisa, usithi, “Busisa uNkulunkulu, ngingumMethodisti, angiyi kuba lolutho lokwenza lalabo abagiqiki abangcwele abadala.” UMoya oNgcwele weza ukuzokhupha lokho kuwe.

¹⁰⁸ “NgingumBaptisti. NgingumPresbyterian. Angisoze ngiye kuleloxuku labagiqiki abangcwele abakudala.” UMoya oNgcwele weza ukuzokhupha bonke ubulukhuni phandle kwakho. Yikho lokho Owakwenzayo. Uyakugeza eGazini; aku ayine. Yikho lokho Oweza ukuzokwenza.

Wabuya ukukuqondisa. Wathi, “Ukwenza indawo ezingaqondanga ziqonde.” Yikho lokho Oweza ukuzokwenza; ukukuqondisa. “Ukwenza indawo eziphezulu zehle phansi; wenze izintaba zonke zikhangeleke sengathi ziyaqolotsha zonke njengenqama ezincinyane, futhi wonke amahlamvu aqakeza izandla zawo, kuwe.” [UMfowethu Branham uqakeze izandla zakhe—Mhl.] Inyoni zihlabela okwahlukileyo. Amabhera entokozo ekhala. Akula mazaba. Yikho Oweza ukuzokwenza. Yiyo injongo kaNkulunkulu ethumela uMoya oNgcwele, ukuze wenze lezi izinto, ukuze uhambe ngokuMlandela.

¹⁰⁹ Manje angifuni ukulizwisa ubuhlungu, kodwa ngilithelile ngilapha ngokuqiniseka okujulileyo. Ukuze ngingalincwebi, kanye ngesikhathi ngiyeqa ngiphume emzileni kwenye indawo; futhi ngihlale leQiniso, kodwa ngihlale lapho futhi ngikwenze ngendlela engasoze ilincwebe kalukhuni.

¹¹⁰ Kodwa ngifuna ukulitshela enye into. Nxa iBhayibhili lisithi akulunganga ukuba umfazi aqume inwele zakhe, futhi wena uthi uloMoya oNgcwele futhi uqume inwele zakho, ngiyamangala nxa uvele ulawo. Ungahlanyi; nxa kukwenza, lokho kulokhu kutshengisa ukuthi kulolunye uphawu olumelana lawe.

¹¹¹ Nxa iBhayibhili lisithi kubi ukuba umfazi agqoke isembatho esihambelana lesendoda, futhi liyagqoka lawa amawovolosi amancinyane akudala futhi lamabhulugwe phandle lapha emgwaqweni, lina bafazi abakhulileyo! Ngithemba umntwana omcinyane uzakuba...into, lokho bedlala labafana abancinyane lezinto. Kodwa, khangela, lapho lina—lapho lina bafazi abakhulileyo, iminyaka elitshumi lanhlanu, elitshumi lesithupha, elitshumi lesificaminwembili ubudala, kukhwela kusiya kugogo, phandle lapha emgwaqweni! Futhi iBhayibhili lathi, “Kulihlazo emehlweni kaNkulunkulu,” umfazi ukugqoka lezozinto. Futhi liyazigqoka, loba kunjalo,

futhi lithi liloMoya oNgcwele? Ngiyamangala kwesinye isikhathi. UMoya oNgcwele uyalandela iLizwi likaNkulunkulu ngokugcweleyo.

Futhi umtshumayeli ngemuva kwephuluphithi, ongela musa oweneleyo ukuKutshumayela, ngiyathandabuza ukuba engabe eLawo. Lokho yikho kanye! Awu, yikho lokho uMoya oNgcwele ongakho.

¹¹² Kumele uphe ugcobo kumtshumayeli. Yikupha ubungcwele eqembini. Yikubeka iBandla ohlelweni. Yikuletha ukubambana koMoya. Yikusibambanisa ndawonye ngaMandla. Yikusibambanisa ndawonye ngothando, uthando lobuzalwane.

Angilandaba uba ungumMethodisti, Baptisti, Presbyterian, Lutheran, loba yini oyikho, nxa sonke besingoMoya oNgcwele munye sibhaphathizwe eMzimbeni munye, futhi saba ngamalunga oMzimba kaJesu Khristu, Akula...akula lutho olukhona, akula lutho oluzayo; indlala, ukulamba; akula lutho olungasehlukanisa othandweni lukaNkulunkulu, uthando lukaKhristu, “uthando lukaNkulunkulu olukuKhristu,” ngoba sizelwe ngokoMoya Wakhe, sageziswa eGazini Lakhe. Siyisidalwa esitsha. Yikho lokho uNkulunkulu abuya ukuzokwenza. Yikho lokho uMoya oNgcwele ongakho. Yebo, mnumzana. Yikho lokho.

¹¹³ Manje, abantu, bayangikhangela, ebusweni. Izandla ezinengi ziye phezulu, liloMoya oNgcwele; bona, sibili, wawukhona. O, khathesi ngi—ngizatshiya nje lokhu kancinyane lapha. Lokhu kuyabekwa ethephini. Kodwa sizangena kokunengi kwakho kusasa ebusuku.

Nxa usithi uLawo, futhi ulecala lalokhu, ngiyamangala ukuthi kuyini okukukhokhelayo. UNkulunkulu kasoze akukhokhele ngaphandle kweLizwi. Uzakugcina uleLizwi, ngoba yiyo imilayo kaNkulunkulu uQobo, yeBandla Lakhe, ebantwini Bakhe, ebafazini, lasemadodeni.

¹¹⁴ “Awu,” uthi, “akungoni ukwenza *lokhu* kumbe *lokho*.” Akukwenzi? ILizwi lithi kuyakwenza.

Futhi nxa uMoya oNgcwele uphakathi kwakho, Uzakukhokhelela eLizwini. Akusoze kube lezaba. UNkulunkulu akaguquli kumbe ukwenza izaba. Wenza isimiso wena kumele ufinyelele kuso. Yikho kuphela. Yikho okuyikho ngomuntu wonke. Ubuya ngendlela efanayo.

¹¹⁵ UPhetro wathi, “Phendukani, lonke; libhaphathizwe, lonke, eBizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona-ke lizakwemukela isipho sikaMoya oNgcwele.” Bona? Yikho. Kumele sitshaye umzila lowo.

¹¹⁶ Manje angitsho ukulizwisa ubuhlungu; ngiyalithanda sibili. Kodwa, mfowethu, dadewethu, uyananzelela na, kanye. . .lokho ngiyakwazi ukuthi kufanele ngime ensukwini zokucina kulokho

kuvuswa, kanye lesizukulwane lesi sabantu, futhi ngiphe umlando ngaleliLizwi? Futhi uMoya oNgcwele etshengisa lokhu, futhi lami ngiKutshumayela phandle-le, uzakuma ngaphi? Uzakuphunyuka kanjani? Awungeke ukwenze, mngane. Ungakwenzi. Manje misa lokho. Loba yini okwenzayo okubi, kuyekele.

Wena uthi, “angingeke.”

Khona-ke awukabi loMenqabisi kuwe. Lapho uMoya oNgcwele usiza, Uyakupha Amandla phezu komhlaba. Futhi nxa u...Lalela lokho Akukhulumayo. “Nxa uthanda umhlaba kumbe izinto zomhlaba, kungenxa yokuba uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe.” Manje, akulazaba. Ukwenza kube sobala, futhi kufanele size kulolophawu.

¹¹⁷ Ngiyakwazi licabanga ukuthi ngimubi. Kodwa nje ngimubi okugcweleyo khona khathesi. Bona? Lalelani. Kuliqiniso lokho. Manje buya phezulu Kukho, mfowethu, dadewethu.

¹¹⁸ Ungavumeli amanye alawa amakholeji ahlakaniphileyo lapha ekutshelwe, “O, lokho yinto yakudala engelamsebenzi.”

Nxa kuyinto endala engelamsebenzi, khona-ke uNkulunkulu yinto endala engelamsebenzi. Futhi nxa uNkulunkulu eyinto endala engelamsebenzi, khona-ke nginjalo, lami. Amen. Ngifuna ukuba njeNgaye. Ngani? UMoya Wakhe ukimi, olambayo uwoma, ubiza into yonke ephikisayo iLizwi . . .

¹¹⁹ Nxa abantu besithi, “Kulungile o, nxa umuntu edlala amakhasi amancinyane okokuzikholisela, lokubheja ngepeni kumbe amabili. Kulungile.” UNkulunkulu uthi kakulunganga.

¹²⁰ “O, nxa nje unganatha ukuzilibazisa, futhi nje ubusudakwa kancinyane, kanye ngesikhatshana.”

Kodwa uNkulunkulu wathi, “Maye kuye.”

¹²¹ “O,” wena uthi, “kulungile, Mfowethu Branham. Ngi—ngi—ngiyaquma inwele zami ngoba ngokwento eqotho. Umfazi, liyazi, bonke abafazi bayakwenza.” Angilandaba lokho abanye abafazi abakwenzayo. Abayisiwo umzekeliso wakho kumbe abaso basi wakho. Nxa uloMoya oNgcwele phakathi kwakho, uzalandela izilayezo Zakhe kungelani lokuthi abantu bathini ngawe.

¹²² “Awu, Mfowethu Branham, kuyatshisa kakhulu nje, futhi kumele nje ngigqoke lezi izigqoko ezincinyane *ezi-thile-thile*.” Isihogo sitshisa ukwedlula lokho, dadewethu othandekayo. Mangikutshelwe lokho. Futhi—futhi ungenzi. Kukhumbule lokho.

¹²³ Futhi uMoya oNgcwele uzakuhlala ukukhokhelela eQinisweni, futhi iQiniso Lakhe liLizwi. “ILizwi lami liQiniso. Makuthi lonke ilizwi lomuntu libe ngamanga, kodwa eLami kube liqiniso.”

Futhi cabanga nje, “isinengiso.” Ungakucabanga?

124 Leli libala elibi kumtshumayeli ukulitsho, kodwa ngangena kuzambuzi lapho nje okunga... Uyamele uphume phandle, phose, kwakunjalo nje. . . Futhi izinto ezingcolileyo emdulwini. Ngacabanga, “Kwenzakala kanjani emhlabeni ukuthi abantu bangehla phansi?” Futhi banuke! Futhi lapho ngingena kulezo ndawo, ngihlezi ngicabanga, “Yikunuka bani!” Ngangi... Phakathi lapho, ngangibamba amakhala ami njenga *lokhu*, ukugeza izandla zami. Ngangisesaba ukuthi lapho ngibamba isibambo somnyango, njalo, kuzakuba kulamagciwane avela emikhuhlaneni yesiki. Futhi ngacabanga, “O!”

125 Ngolunye usuku, ngimile okugadelwa khona indizamtshina, ezinye zazo indawo engangena kuzo, kumbe endaweni yesipolo, Ngangena phakathi lapho. Futhi ngacabanga, “O, isihawu.”

126 Futhi Enye into yathi kimi, “Yiyo indlela umhlaba onuka ngawo kuNkulunkulu. Kuyisinengiso.”

